

Izihluthulelo Zobunye Bomndeni



ISABATHA EMINI

Kuleliviki Funda:

Gen. 33:12–14, Ruth 1:16–18, Johane 17:21–26, Gal. 3:28, Efe. 2:11–22, 5:21–6:9.

Indimana Yekhanda:

“ ‘Ukuba bonke babe munye, njengalokhu wena Baba ukimi, nami ngikuwe, ukuba nabo babe kithina, ukuze izwe likholwe ukuthi wena ungithumile’ ” (Johane 17:21, NKJV).

Impilo yomndeni imele izikhathi ezehlukene zokuphila Kubantu abahlukene. Kumama nobaba, ukungena kwabantwana ezimpilweni zabo kumele inguquko enkulu, ezothatha impilo yabo yonke. Kuthi kwisizalo, nembala, ukusuka ekubeni ngekho kuye ekubeni khona, nembala, kuyinguquko enkulu. Ngakho ke, futhi, abantwana badlule ezigabeni ezahlukene Zempilo baze bahambe ekhaya futhi, ngokunjalo, hleze babe nezabo izingane.

Kepha noma ngabe singabazali noma abantwana emndenini, sonke silwa nento efanayo, lena yesimo sethu sesono, esingenza ubunye bempilo yomndeni bubenenselele enkulu.

Yebo, emzimbeni kaJesu Kristu esiphambanwen isonke isintu sesibuyisene NoNkulunkulu nakomunye nomunye (Efe. 2:13–16, Col. 1:21–23), kodwa ngokuphathekayo kwansuku zonke kumele sizifunele thina umusa kaKristu, okuyiwona kuphela ongenza ubunye bomndeni amava aphilayo kubo bonke abakufuna ngokukholwa. Lokhukumelekubengamavaethu ansuku zonke ezimpilweni zethu. Ngenhlanhla, ngomusa kaKristu, kungaba njalo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-May 18.*

UKristu Umongo

Yisiphi Isibonelo uPawule asisebenzisayo ukucahza ubunye obusha obukhona phakathi kwabantu ababili kuKristu na? UKristu ukwenze kanjani kwaba “kunye” “kokubili” na? Efe. 2:11–22; buka futhi Gal. 3:28.

Esiphambanweni uKristu ususa imigoqo eyehlukanisa abantu komunye nomunye. Izindonga zazehlukanisa abakhonzayo ethempelini lamaJuda, abesilisa kwabesifazane, kanyenamaJuda kwaBezizwe. Echaza ubunye bamaJuda nabeZizwe kuKristu uPawule usebenzisa ulimi olusebenza ngokulinganayo kokunye ukwehlukana phakathi kwezizwe, abantu, ezenhlalakahle, kanye nobulili. “Ukudala kulokho okubili isintu esisodwa kuyena, ngalokho enze ukuthula” (Efe. 2:15, NEB) kuyizindaba ezimnandi ezisiza ababili abashadile ukuba bazi ngeqiniso “ubunye benyama” emshadweni. Futhi, ngokukholwa kuKristu, imndeni eyahlukana kudala ingabuyisana.

Kungokunye ukucaphuna izindimana zeBhayibheli ezimayelana nobunye kuKristu; kungokunye futhi ukuba namava ako. Yiziphi izinguquko eziphathekayo uKristu azilethayo ezimpilweni zethu ezisenza sikwazi ukuba namava obunye esibuthenjisiwe na? Buka, ngokwesibonelo, Rom. 6:4–7, 2 Kor. 5:17, Efe. 4:24–32.

“Yiba nombono wesiyingi esikhulu, kusukela onqenqemeni lwaso kunemigqa eminingi eya phakathi nendawo. Lapho lemigqai sondela phakathi nendawo, nayoiyasondelana. . . .“Ngokuya sisondele kuKristu, ngokuya sisondele komunye nomunye.”—Ellen G. White, *The Adventist Home*, p. 179.

“Phakathi kubaba nendodana, umyeni nomkake, . . . kumi uKristu Umxhumanisi, noma ngabe bayambona noma cha. Asikwazi ukusungula ukuxhumana okungaphandle kwethu ngaphandle kokuba sikwenze Ngaye, ngezwi lakhe, kanye nasekulandeleni yena.”—Dietrich Bonhoeffer, *The Cost of Discipleship* (New York: The MacMillan Publishing Co., 1979), p. 108.

Usondelene kangakanani umndeni wakho, noma umndeni webandla, kanye nomongo wesiyingi na? Yini enye okumele idilike ukuze ubudlelwane bube yilokho okumele bube yikho na?

Ukuba Munye Ngothando Lwakhe

“Engathi iNkosi inganinika ukwanda nokuchichima othandweni, omumye komunye nakubo bonke” (1 Thes. 3:12, NIV).

UJesu wakhuleka kuYise ukuba abalandeli Bakhe babe “munye njengoba simunye” (Johane 17:22, NIV). Yisho kafushane lokho okushiwo nguJesu lapha, ugxile ikakhulu endimeni yothando oludingekayo ukufeza lobubunye.

Ubunye phakathi kwabalandeli Bakhe babusemqondweni kaJesu kulomkhuleko. Ukuba namava ka-agape kusemqoka kulobubunye. U-“Agape” yigama leBhayibheli lothando lukaNkulunkulu olusetshenziswa kulomkhuleko kanye nakwezinye izindawo eziningi kwiTestamente Elisha. Uthando olunje luyisimo sikaNkulunkulu (1 Johane 4:8), futhi luphawula abalandeli bakaJesu (Johane 13:35). Uthando lukaNkulunkulu aluyona imvelo enhliziyweni yomuntu enesono. Lungena empilweni yomuntu ngenkathi uJesu ehlala nekhulwa ngoMoya Wakhe (Rom. 5:5; 8:9, 11).

“Thandanani njengalokhu nginithandile nani” (Johane 15:12, NIV). Umfundi uJohane, owabhala lamazwi, wake wangathandeka futhi ezidla, ethanda amandla, esola, futhi enolaka (Marko 3:17; Luka 9:54, 55; buka futhi i-The Desire of Ages, p. 295). Kamuva empilweni wakhumbula indlela uJesu ayeqhubeke nokumthanda ngaphandle kwalezizici. Uthando lukaJesu lwaya ngokumguqula uJohane, lwamenza wakwazi ukuthanda abanye kubunye bobuKristu. “Simthanda Yena ngoba wasithanda kuqala” (1 Johane 4:19, NKJV), ebhala, futhi “uma uNkulunkulu esithandile, nathi kumele sithandane” (1 Johane 4:11, NKJV).

Funda u-1 Korinte 13:4–8. Zama ukufaka igama lakho lapho kuqhamuka khona igama “uthando.” Lingena kahle kangakanani na? Cela uJesu ukuba alethe lezizimpawu zothando empilweni yakho ngoMoya Wakhe. Yiziphi izinguquko engase zilethwe nguMoya ukuba uzenze ukuze ufinyelele kulelizinga lobuKristu na?

Ubugovu: IsibululaMndeni

“Uma ukuzidla Kanye nobugovu bebungasuswa, imizuzu emihlanu ibingasusa izinkinga eziningi.”—Ellen G. White, *Early Writings*, p. 119.

Njengesintu, isimo sethu silinyazwe yisono. Futhi, mhlawumbe, Isibonelo esikhulu kunazo zonke salobo bubu yisiqalekiso sobugovu. Sibukeka sizalwe nobugovu; silibona leliqiniso ezinganeni ezincane, ondalo yazo ingukugombela kwesabo. “Mina, mina, mina . . .” kuthi lapho sesibadala loluphawu lungazibonakalisa ngezindlela ezimbi, ikakhulu ekhaya.

Nembala uJesu angakuguqula lokhu (Efe. 4:24). Izwi Lakhe lisithembisa ukuthi thina, Ngaye, akumele sibuswe yiloluphawu lwesimilo olubhubhisayo. Impilo Yakhe yonke iyisibonelo esipheleleyo salokho okuchazwa ngukuphila impilo engenabo ubugovu; ngezinga esilingisa ngalo impilo Yakhe (1 Johane 2:6), siyowunqoba lomkhuba wokuphilele thina nje kuphela.

Buka izindimana ezilandelayo. Zisitshelani mayelana nokuphila impilo yokuzidela na?

Fil. 2:3–5

1 Johane 3:16–18

Njengalokhu u-Ellen G. White abhala ngenhla, uma ukuzidla nobugovu bebususiwe, ziningi izinkinga ebezingaxazululeka ngokushesha, zingaze zibe yisihlava. Onke amalungu omndeni, ikakhulu abazali, kumele ahlanzwe (Zag. 16:6) kulesisono phambi kweSiphambano (Isibonelo esikhulu kunazo zonke ezweni sokuzidela), noma ngabe lokho kusho ukubuyela njalo Esiphambanweni futhi uguqe ngomkhuleko, ngokukholwa, ngezinyembezi, kanye nokuzinikela.

Singakanani isikhathi osichitha Esiphambanweni ulwa nanoma yibuphi ubugovu obusempilweni yakho na? Lendimana (Mat. 7:16) ikusiza kanjani ukuba ikubonise uma uchitha isikhathi esaneleyo lapho na?

Ukuzinikela

Yisiphi iseluleko uPawule asinikeza mayelana nokuzithoba Kanye nokukhonza ebudlelwaneni na? Efe. 5:21. Ucabanga ukuthi lomoya unomthelela onjani kubunye ebandleni na? Kungabe usemqoka ekhaya na? Efe. 5:22–6:9.

Igama “ukuzinikela” (Efe. 5:21) lichaza ukuzibeka ngokuzithoba phambi komunye umuntu ngokuzikethela. Lesisimo esisodwa saqala ngoKristu (Mat. 20:26–28; Johane 13:4, 5; Fil. 2:5–8) futhi siwuphawu lwabo bonke abagcwaliswe nguMoya Wakhe (Efe. 5:18). “Ukuhlonipha uKristu” yikona okuqhuba abantu ukuba bazinikele ngalendlela (Efe. 5:21, NIV). Ukuzinikela komunye nomunye kwakuyi, futhi kuseyiyo, imfundiso eguqulayo yobuKristu mayelana nobudlelwane. Iletha impilo eqinisweni lezikamoya lokuthi bonke bakuKristu; akukho okubekelwa ngaphandle. Izimiso sasekhaya. Indawo eba wufakazi bokuzinikela kobuKristu yisekhaya. Uma lesisimiso sisebenza khona, siyokwenza umehluko omkhulu ebandleni. UPawule usheshe asuke esingeniweni salesisimiso sokuzinikela ayokhuluma ngendlela esisebenza ngaso emindenini.

Zintathu izigaba okukhulunywa ngazo kwabasEfesu 5:22-6:9—esivame kakhulu yileso sobudlelwane obungalingani emphakathini. Inhloso akuyona eyokuqinisa isimo esikhona emphakathini kepha ukubonisa indlela yokukholwa kaKristu esebenza ngayo lapho kukhona ukuzinikela okwehluke kakhulu kwamakholwa komunye nomunye.

Ucabanga ukuthi kungani uPawule ekhuluma ngokuphikelela okokuqala kulabo ababuthakathaka osikweni lomphakathi— amakhosikazi, abantwana, kanye nezigqila na? Bhala isisho esifaneleyo esiyamaniswe nokuzinikela kwalaba.

| | | |
|-----------|----------|----------|
| Efe. 5:22 | Efe. 6:1 | Efe. 6:5 |
| | | |

Lapha abanamdla emphakathini—abayeni, abazali, abaphathi—njalo kukhulunywa nabo kamuva. Ngamunye uthola inkomba engavamile osikweni. Lezizinkomba kusenokuba zawethusa amakholwa eminyaka eyikhulu yokuqala. Zazilinganisa ishashalazi phambi kweSiphambano futhi zivula indlela yobunye beqiniso okumele bube ngamava ebudlelwaneni.

Ukuphila Uthando Esiluthembisayo

Ekugcineni, ukuzwana nobunye bomndeni bulele ekuzinikeleni kwamalungu omndeni, kusukela ekuzinikeleni kwalabo abashadile, ukuba banakekelane. Ngokudabukisayo, umlando weBhayibheli ugcelele izibonelo zezithembiso ezibhuhntshileyo, ukuphelakwethemba, Kanye nokusilela kokuzinikela lapho ebekumele kube khona. Izibhalo futhi zinezibonelo ezinhle zabantu abajwayelekile okuthe, ngokusizwa nguNkulunkulu, bazinikela kubangani kanye nemindeni futhi bagcina izithembiso zabo.

Buka imindeni elandelayo Kanye namazinga ayo okuzinikela. Ukuzinikela kwakungaqiniswa kanjani kweminye yalemindeni na? Yini eyakhuthaza ukuzinikela okubonakala kweminye na?

Ukuzinikela komzali nengane(Gen. 33:12–14, Eks. 2:1–10)

Ukuzinikela kwezlamani(Gen. 37:17–28)

Ukuzinikela kwemindeni(Ruth 1:16–18; 2:11, 12, 20; 3:9–13; 4:10, 13)

Ukuzinikela emshadweni(Hos. 1:2, 3, 6, 8; 3:1–3)

Ngenkathi sizinikela komunye umuntu, njangasemshadweni noma esinqumeni sokuzala noma ukuthola ingane, kumele kube nokuvuma ukuzinikela ukuze senze isinqumo esehlukile kusasa, ukunikela ukulawula ingxenye ebalulekile yempilo yethu. Imithetho ingavimbela ukuziphatha kabi, kodwa ubudlelwane bomshado kanye nobomndeni budinga uthando ngaphakathi kwayo ukuze idlondlobale.

Isithembiso sikaJesu sokuzinikela(Heb. 13:5) sisho ukuthini kuwe na? Mthelela muni Lokhu kuzinikela Kwakhe kuwe okumele kube nako ekuzinikeleni kwakho Kuye, koshade naye, kubantwana bakho, kanye nakubazalwane okholwa nabo na?

Umcabango Obanzi:

Ellen G. White, “A Sacred Circle,” pp. 177–180, in *The Adventist Home; Testimonies for the Church*, vol. 6, pp. 236–238. Ubunye—umsebenzi wokuqala. “Umsebenzi wokuqala wamaKristu ngowokubamunye emindenini. . . . “Ngokusondelana kwamalungu omndeni ebunyeni bomsebenzi wabo ekhaya, ithonya ubaba nomama kanye namadodana namadodakazi abayoba nalo ngaphandle kwekhaya liyoba likhulu futhi libe wusizo.”—Ellen G. White, *The Adventist Home*, p. 37. Imfihlo yobunye bomndeni. “Imbangela yokwehlukana kanye nokungezwani emindenini kanye nasebandleni kungukwehlukana noKristu. Ukusondela kuKristu kungukusondela komunye nomunye. Imfihlo yobunye beqiniso ebandleni kanye nasemndenini akuzona izingoxo, akukona ukwengamela, akuyona imizamo engale kobuntu yokunqoba izinkinga—nakuba kuyobakhona okuningi kwalokhu—kepha ngubunye noKristu.”—Page 179.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Khulumani ngamandla emphakathini enikuwo alwa nobunye bomndeni. Yiziphi izisombululo eziphathekayo ongazinikeza umndeni obhekene nalamathonya na?
2. Ngabe kukhona umndeni enkonzweniokuyo njengamanje owehlukene na? Uma Kunjalo, yini eningayenza njengeklasi ukusiza ilungu ngalinye kulesisikhathi senkinga na?
3. Xoxani ngodaba lokuzehlisa. Kumele luqondwe kanjani ngokwengqikithi yobuKristu na? Yiziphi izindlela lesisimiso esiphathwe ngaso budedengu na?
4. Yiziphi izimiso ongazibona mayelana nobunye bomndeni ezingasebenza emqondweni wobunye ebandleni ngokufanayo na?